

Ubudlelwane Emphakathini



ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

1 Pet. 2:13–23; 1 Pet. 3:1–7; 1 Kor. 7:12–16; Gal. 3:27, 28; Zenzo 5:27–32; Lev. 19:18.

Indimana Yekhanda:

“Kunako konke yibani nokuthandana okunganqamukiyo, ngokuba uthando lusibekela inqwaba yezono” (1 Petro 4:8, NKJV).

Encwadi kaPetro iphinde ibhekane nezimo ezilukhuno zokuphila zomphakathi wesikhathi sakhe. Njengalokhu, amaKristu kumele aphile kanjani nohulumeni onengcindezi nokhohlakele, njengalokho iningi elalinamava ako ngalesosikhathi: umbuso wobuhedeni wamaRoma na? Yini uPetro ayitshela abafundi bencwadi yakhe, futhi Achaza ukuthini lamazwi kithina namuhla na? iziqqila ezingamaKristu kumele ziziphathe kanjani lapho inkosi yazo iziphatha ngesihluku na? Nakuba ubudlelwane bonqashi nomqashwa namuhla behlukile kunangalesosikhathi, bobugqila neNkosi, lokho okushiwo nguPetro kuzozwakala kakhulu kulabo ababhekana nabaphathi abanesihluku kuyathathekisa kakhulu ukuthi uPetro ukhomba kuJesu kanye nangendlela abhekane ngayo nokuphathwa kabi njengesibonelo sendlela umKristu okumele enze ngayo lapho ebhekene nokufanayo (1 Pet. 2:21–24).

Kumele amadoda namakhosikazi baphathane kanjani, ikakhulu lapho behlukana ezintweni eziyisisekelo njengenkolo na? Ekugcineni, umKristu kumele abhekane kanjani nezomphakathi, lapho, empeleni, ezomphakathi zinekoohlakalo ngokuphisana nenkolo yobuKristu na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-April 22*

Ibandla Nombuso

Nakuba libhalwe kudala, iBhayibheli lithinta izinto ezifaka isikhathi esikuso namuhla, njengobudlelwane phakathi kwamaKristu kanye nohulumeni. Kwezinye izigaba, kusobala. ISambulo 13 sikhuluma ngesikhathi lapho ukulalela amandla ombuso kuzosho ukungalaleli uNkulunkulu. Odabeni olunjengalolu, ukukhetha kwethu kusobala. (buka isifundo sangoLwesine).

Funda u-1 Petro 2:13-17. Izwi lisitshelani lapho ngendlela okumele sibhekane ngayo nohulumeni na?

Ububi bombuso wamaRoma babaziwa kahle yilabo ababephila kuwo. Babukhule ngenxa yamadoda angathembekile nafuna izikhundla ngokusebenzisa impi eyayinesihluku. Lempi yayimelana nanoma yikuphi ukuvukela ngonya. Ukuhlukumeza okuhlelekile kanye nokubulala ngokubethelwa kwakungezinye zezihluku ezazitshenziswa kulabo ababejiziswa. Umbuso wamaRoma wawungcolile yinkohlakalo kanye nokufakana kozalo ezikhundleni. Ababepethe babesebenzisa amandla abo ngokuqhosha kanye nonya. Ngaphandle kwakho konke lokhu, uPetro ugqugquzela abafundi bencwadi yakhe ukuba bamukele igunya lamaziko onke abantu embusweni, kusukela enkosini kuye kubaphathi (1 Pet. 2:13, 14, NIV). UPetro ubanga ngelithi ababusi nabaphathi bajezisa labo abenza ukungalungi, batuse labo abenza okuhle (1 Pet. 2:14). Ngokwenza lokhu, banendima ebalulekile ekwakheni umphakathi. Eqinisweni, kuwo onke amaphutha awo, umbuso waseRoma wawuzinzile. Waqeda izimpi. Wawunesihluku kwezomthetho nakuba kunjalo ugxile kuwo Umthetho. Wakha imigwaqo futhu wasungula uhlelo lwezimali ukuphasa izidingo zempi. Ngokwenzenjalo, abaseRoma badala indawo yokuthi izakhamuzi zikwazi ukukhula ngezindlela eziningi futhi zinothe. Kubukwa ngalendlela, inkulumo kaPetro ngohulumeni zinomqondo. Awukho uhulumeni ophelele, futhi ngempela hhayi lo uPetro Nebandla ayelibhalela ababephila ngaphansi kwawo. Ngakhoke esingakufunda kuye ngukuthi amaKristu kumele afune ukuba yizakhamuzi ezilungileyo, athobe Umthetho wezwe kangokuba enako, nakuba uhulumeni abaphila ngaphansi kwawo ungaphelele.

Kungani kubalulekile kumaKristu ukuba yizakhamuzi ezilungileyo, nakuba izimo zombuso zingezinhle na? Yini ongayenza Ukwenza umphakathi wakho ubengcono, nakuba kukuncane na?

Amakhosi Nezigqila

Funda u-1 Petro 2:18-23. Namuhla sibuqonda kanjani ubunzima bengqikithi yalezizindimana na? Yisiphi isimiso esingazithathela sona kuzona na?

Ukufunda u-1 Petro 2:18-23 ngokuqikelela kwembula kunokuba kuvumele ubugqila, iseluleko kwezikamoya ngendlela yokucabanga ngesimo esilukhuni okuthi, ngalesosikhathi, singaguquleki. Igama elihumushwe “inceku” noma “isigqila” ku-1 Petro 2:18, oiketes, Lisetshenziswe ngokuqondene nezigqila ezisemakhaya. Igama elivamile lesigqila, u-doulos, Lisetshenziswe kwabase-Efesu 6:5, Indimana enikeza izigqila iseluleko esifanayo. Embusweni owawunamazinga kakhulu waseRoma, izigqila zazithathwa njengempahla esemthethweni yimninyo ebuswa yinkosi yaso, eyayingasiphathi kahle noma ngesihluku. Izigqila zaziqhamuka ngezindlela eziningana: izimpi ezinqotshiwe, izingane zezigqila, noma labo “abadayisiwe” ukukhokha izikweletu zabo. Ezinye izigqila zazinikezwa imithwalo emikhulu. Ezinye zaziphatha imihlaba emikhulu. Ezinye zibhekele abaninizo izimpahla kanye namabhizinisi, ezinye zifundise izingane zamakhosi azo. Inkululeko yesigqila yayingathengwa, ngaleyondlela isigqila sichazwe njenge “sihlengiweyo.” UPawule usebenzisa lolulimi ukuchaza lokho uJesu asenzele kona (Efes. 1:7, Rom. 3:24, Kol. 1:14, 1 Pet. 1:18, 19).

Kusemqoka ukuba sikhumbule ukuthi iningi lamaKristu okuqala ayeyizigqila. Ngenxa yalokho, ayezithola ebhajwe ohlelweni ayengakwazi ukuluguqula. Lawo ayeneshwa lokuba nabaphathi abanonya nesihluku ayesesimweni esilukhuni kakhulu; nalabo ababenabaphathi abangcono babebhekana nesikhathi esilukhuni. Imiyalezo kaPetro kuwo onke amaKristu ayeyizigqila ihambisana neminye ekwiTestamente Elisha. Kumele azinikele futhi abekezele, njnegalokhu uKristu azinikela futhi wabekezela (1 Pet. 2:18-20). Ayikho inzuzo yokuhlupheka ngenxa yokwenza kwakho okungalungile. Cha bo, okuyiwona ngempela umoya kaKristu wembuleka lapho behlupheka ngokungafanele. NjengoJesu, ngalezizikhathi amaKristu akumele aphindisele, noma esabise, kepha kumele athemebele kuNkulunkulu ozokwahlulela ngokufanele (1 Pet. 2:23).

Singakusebenzisa kanjani ngokuphathekayo lokho okubhalwe nguPetro lapha na? Ngabe, ke, kuchaza ukuthi akumele simele amalungelo ethu na? Woza nempendulo yakho eklasini NgeSabatha.

Amakhosikaza Nabayeni

Funda u-1 Petro 3:1-7. Yiziphi izimo esikhethekile uPetro akhuluma ngazo lapha na? Lokhu akushoyo kungena kanjani emishadweni yanamuhla na?

Kunomkhondo owodwa obalulekile kulesisahluko owenza umfundi oqikelelayo abone ukuthi uPetro ubhekene nani ku-1 Petro 3:1-7. Kwisahluko 3, Indimana 1, uPetro uthi ukhuluma ngabayeni “abangalilaleli izwi.” Ngamanye amazwi, uPetro ukhuluma ngalokho okumele kwenzeke lapho unkosikazi ongumKristu eshade nomyeni ongeyena (nakuba isibalo sabangakholwa simbalwa). Unkosikazi womKristu angathola ubunzima obuningi ngokushada nendoda engahambisani nenkolo yakhe. Yini okumele yenzeke phansi kwalezizimo na? Ngabe kumele ahlukane nomyeni wakhe na? UPetro, njengoPawule kwenye indawo, akancomi ukuba amakhosikazi angamaKristu ashiye abayeni abangakholwa (buka u-1 Kor. 7:12-16). Kunalokho, uPetro uthi, amakhosikazi anabayeni abangakholwa kumele aphilile impilo eyisibonelo. Izindima ezazingadlalwa ngabesifazane kumbuso waseRoma wekhulu lokuqala leminyaka zazincike kakhulu kumphakathi. Amakhosikazi aseRoma, ngokwesibonelo, ayenamalungelo amaningi ngaphansi komthetho mayelana nezimpahla kanye nokunye komthetho ngaphezu kwamakhosikazi amaningi uPetro ayewabhalela. Kepha kweminye imiphakathi yokuqala, abesifazane babengavunyelwe ukuba yingxeny yezombuso, uhulumeni, kanye nobuholi ezinkolweni eziningi. UPetro ugqguzela amakhosikazi angamaKristu ukuba abe nezimiso ezincomekayo Ngokwengqikithi azithola kuyo. Ubagqugzelela ebumsulweni nasekuzotheni (1 Pet. 3:2, NRSV). Uncoma ukuthi Owesifazane ongumKristu kumele aqikelele ubuhle bakhe bangaphakathi kunezinwele ezihlotshisiwe, ubucwebe, kanye nezingubo ezibizayo (1 Pet. 3:3-5). Owesifazane womKristu uzoziphatha ngendlela ezoncoma ubuKristu kulowo ohlala naye—umyeni wakhe. Amazwi kaPetro akumele athathwe ngamadoda njengemvume yokuphatha kabi amakhosikazi awo. Njengoba esho,amadoda kumele apathe kahle amakhosikazi awo (1 Pet. 3:7). Nakuba uPetro ekhuluma ngodaba oluqondile—amakhosikazi angamaKristu ashade nabangakholwa—sibona okuncane komshado okumele kube yiko: abalingani bamaKristu kumele baphile ngokuphasana, bephila izimpilo zabo ngendlela yenhlonipho ebonakalayo lapho bedumisa uNkulunkulu ngezenzo zabo zansuku zonke.

Ubudlelwane Emphakathini

Funda abaseRoma 13:1-7; Efesu 5:22-33; 1 Korinte 7:12-16; noGalathiya 3:27, 28. Lokhu okushiwo nguPawule kuhambisana kanjani nalokho okushiwo nguPetro ku-1 Petro 2:11-3:7 na?

UPawule ukhuluma ngezinye zezinto eziphakamiswe ku-1 Petro 2:11-3:7. Akushoyo kuhambisana ngendlela emangalisayo nalokho okutholakala ku-1 Petro. Ngokwesibonelo, njengoPetro, uPawule ugqugquzela abafundi bencwadi yakhe ukuba bazinikele “kubabusi” (Rom. 13:1, NKJV). Ababusi babekwe nguNkulunkulu futhi abayifuni imisebenzi emibi (Rom. 13:3). Ngalokho, umKristu kumele, ke, “Abanikeze konke okubafanele: intela kofanele intela, inkokhiso kofanele inkokhiso, ukwesaba kofanele ukwesatshwa, inhlonipho kofanele inhlonipho” (Rom. 13:7, NKJV). UPawule uphinde agcizelele ukuthi amakhosikazi ashade nabayeni abangakholwa kumele aphile impilo eyisibonelo, futhi ngokwenzenjalo abayeni bangase bangene ebandleni (1 Kor. 7:12-16). Umfanekiso kaPawule womshado wobuKristu yilowo wokuzwana. Amadoda kumele athande omkawo njengalokho uKristu elithandile ibandla (Efes. 5:25). Ngaphezu kwalokho, uncoma ukuthi izigqila kumele zithobela amakhosi azo omhlaba njengalokhu zithobela uKristu (Efes. 6:5).

Ngalokho, uPawule, wayezimisele ukusebenza ngaphakathi kwemingcele yezehlalakahle. Wayekuqonda lokho okungaguqulwa nokungeguqulwe kwezenhlalakahle ayekuyo. Kepha, wayebona okuthile phakathi kobuKristu okwakungagcina sekuguqule indlela umphakathi ocabanga ngayo ngabantu. Njengoba noJesu engazange afune ukuletha ukuvukela umbuso ukuze aguqule uhlelo lwezomphakathi, kanjalo noPawule noPetro. Kunalokho, inguquko yayingafika ngokuvukuza ithonya labantu abanobunkulunkulu emphakathini.

Funda abaseGalathiya 3:27-29. Nakuba kusobala ukuthi yimfundiso le, yimuphi umthelela onamandla kwezomphakathi lendimana enawo mayelana ngendlela amaKristu okumele abhekane ngayo ngenxa yalokho uJesu awenzele kona na?

UbuKristu Nokuhleleka KoMphakathi

Ngaphandle nje kokwazi ukuthi izinhlelo kanye nemibuso yabantu inezici futhi ngezinye izikhathi inokona, futhi nangaphandle kwamava abo amabi nemibuso kanye nabaholi bezenkolo, bobabili uPawule noPetro bagquguqzela amaKristu okuqala ukuba azinikele kumagunya abantu (1 Pet. 2:13-17, Rom. 13:1-10). Bathi amaKristu kumele akhokhe intela futhi anikele kwizibopho eziphoqayo zemisebenzi. Kangangokuba enako, amaKristu kumele abeyizakhamuzi eziyizibonelo.

Funda iZenzo 5:27-32. Yibuphi ubudlelwane phakathi kokulalela uPetro athi makunikezwe abaphathi (1 Pet. 2:13–17) kanye nalokho uPetro kanye nabanye abapostoli abakwenza kulesisigameko na?

Impumelelo yebandla lobuKristu lokuqala yaholela ekuboshweni kukaPetro kanye noJohane (Zenzo 4:1-4). Babekade bekweshwe ngababusi, abadala, kanye nababhali, futhi badedelwe ngesixwayiso esiqinile sokuthi kumele bayeke ukushumayela (Zenzo 4:5-23). Maduzane emuva kwalokho baphinde baboshwa futhi babuzwa ukuthi kungani bengalalelanga lokho ababekutshelwe ngabaphathi (Zenzo 5:28). Wayesephendula uPetro, “Simelwe ukulalela uNkulunkulu kunabantu” (Zenzo 5:29).

Yiliphi iqiniso elibucayi okumele silitomule kulamazwi na?

UPetro wayengeyena umzenzisi, esho okunye kepha ebe enza okunye. Uma kuza odabeni lokulandela uNkulunkulu noma ukulandela abantu, ukukhetha kusobala. Ngale kwalokho, amaKristu kumele aphase futhi athobe ababusi, nakuba esebenzela ukuletha izinguquko emphakathini. Uma ukuziphatha kusengcupheni, amaKristu kumele aqhubeke nokuba yingxenywe yokuthuthukisa izinguquko emphakathini eziveza Izimfundiso zikaJesu. Ukuthi lokhu kwenzeka kanjani kuncike ezintweni eziningi, kepha ukuba yisakhamuzi esithembekile akuvesane kusho ukuthi umKrsitu akumele afune intuthuko yomphakathi.

Funda uLevitikusi 19:18 no Mathewu 22:39. Lomyalelo wokuthanda umakhelwane wethu njangelokhu sizithanda ungakufaka kanjani ukusebenzela inguquko engenza impilo ibengcono kumakhelwane wakho na?

Cabanga Kabanzi:

Read Ellen G. White, “The Impending Conflict,” pp. 582–592; “The Scriptures a Safeguard,” pp. 593–602; and “The Time of Trouble,” pp. 613–634 in *The Great Controversy*. U-Ellen G. White waphakamisa ukuthi ama-Seventh-day Adventist abe yizakhamuzi ezilungile nezithobela Umthetho wezwe. Wayeze atshele abantu ukuba bangaphumeli obala ekungalalelini kwabo imithetho yokukhonza ngeSonto; okungukuthi, nakuba kumele bagecine iSabatha losuku lwesikhombisa, njengokuyaleza kukaNkulunkulu, abadingile ukweqa ngamabomu imithetho evimbela ukusebenza ngeSonto. Kolunye nje udaba, nokho, wayesobala ngokuthi ama-Adventist akumele awulalele Umthetho. Uma isigqila seqile kumqashi waso, Umthetho wawuthi isigqila kumele sibuyiselwe kumqashi waso. Wamelana nalomthetho futhi watshele ama-Adventist ukuba bangawulaleli, noma imiphumela injani: “Lapho imithetho yabantu ilwa nezwi kanye nomthetho kaNkulunkulu, kumele silalele okaNkulunkulu, noma ngabe imiphumela ingaba yini. Umthetho wezwe lethu ofuna ukuba sinikele izigqila kubaqashi, akumele siwulalele, futhi kumele sivumelane nemiphumela yokuweqa lomthetho. Isigqila asiyona impahla yomuntu. NguNkulunkulu ongumniniso, futhi umuntu akanalungelo lokuthatha umsebenzi kaNkulunkulu ezandleni zakhe, abe esethi ngowakhe.” — *Testimonies for the Church*, vol. 1, pp. 201, 202.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini, xoxani ngezimpendulo zenu zombuzo osekupheleni koMsombuluko omayelana naloludaba: Akumele yini amaKristu amele amalungelo awo na? Lapho nixoxa, bhokani nalombuzo, ngokunjalo: Wona lamalungelo yimaphi?
2. Yiziphi izibonelo lapho umthelela wamaKristu emphakathi ube namandla ekuguquleni umphakathi kokuhle na? Yiziphi izifundo esingazithola kulokhu na?
3. Yiziphi izibonelo lapho amaKristu, kunokuba alekelele ekuguquleni ububi bomphakathi, abhebhethale lobobubi na? Yiziphi izifundo esingazithola kulezozindaba futhi na?
4. UPetro wokuqala 2:17, uthi “Hloniphani Umbusi” (NIV). Kusenokuba ngalesosikhathi Umbusi kwakungu-Ner, omunye wababusi owayenonya futhi engecolile ohleni lwamadoda ayevele engecolile. Sithini isigijimi kithina kulokhu na? Okubhalwe nguPetro ekuqaleni kwalesisahluko okuthi, “Hloniphani bonke abantu,” (NKJV) kungasisiza kanjani ukuba siqonde akushoyo lapha na?
5. Funda u-1 Petro 2:21-25 eklasini. Umbiko wevangeli ubonakala kanjani kulezizindimana na? Yiliphi ithemba ezisinikeza lona na? Zisibizela ekutheni senzeni na? Sikulandela kahle kangakani lokho esikutshelwayo lapha na?

